# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## SEPTHEMBA 2014

**IBANGA LE-12**

**(GRADE 12)**

Amamaki: 70

Isikhathi: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-18

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi

## UMBUZO 2: UMSHADO- Nelisiwe Zulu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

"Mfana, sengathi awuyazi le ntokazi yakho. Siza-ke ubuye uzongisthela zonke lezi zinto engizibuzile. Uma izimpendulo zakho zingangigculisi, siyaphuma kule nto yakho nodadewethu. Usuyozilobolela wedwa uzishadele wedwa nalo mfelokazi wakho. Ungiphoxile Bheki. Uyinsizwa enhle kanje, **udumele umfelokazi**!"

"Ngizozama malume. Kodwa ngicela ningangishiyi nokuhlupheka. Inkinga yami yiphupho likababa elingiphethe kabi." Aphume endlini uBheki inhliziyo yakhe ibuhlungu kakhulu. Abone ukuthi okungcono akaphuthume uTholi uyena ongamduduza kuzo zonke lezi zinsizi ezimphethe. Akhumbule nemali yakhe engakabuyiswa. Acabange ngombuzo kaSifiso mayelana noZenze; azitshele ukuthi impendulo uzoyithola kuTholakele. Ahambe asheshe. Akufuneki ahlwelwe.

Afike kwaTholakele. Angqongqoze. Bamvulele. Angene. UTholi uhleli noBhatomu. Babingelelane. Acele uxolo uBheki.

"Ngicela sixoxele lapha emnyango Tholi."

"Hhayi bo, akaphumi uTholi lapha. Khuluma okukhulumayo la endlini uhambe mfokazi."

"Baba ngeke ngihlale phandle isikhathi eside." Acasuke uBhatomu.

"Kanti uyini nalo muntu osujahe ukuphuma kangaka naye?" Abone uBheki ukuthi uyashintsha manje uBhatomu. Athi uyasukuma uTholi, amhlalise phansi ngokumphusha uBhatomu. Azame futhi ukusukuma uTholi. Ashaye ngempama kuTholi uBhatomu. Angabe esabuza uBheki. Ashaye ngesibhakela ebusweni bukaBhatomu. Agxume apheke phezulu uBhatomu. **Badumelane kuthule kuthi du**. Badudulane baze bayogudluza itafula.

2.1 Ngokwalesi siqephu, ubani lo ophoxekile uma ezwa ukuthi uBhekani ufuna ukushada noTholakele? (1)

2.2 Ngokwazi kwakho indaba, yiziphi izizathu ezenza ukuthi lo muntu angahambisani nokuthi uBhekani alobole uTholakele? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.3 Babezoyenzani oTholi imali abayiboleka kuBhekani? (2)

2.4 Ngokwalesi siqephu, kungani uBhekani wayefuna ukubona uTholakele ngalolu suku? (2)

2.5 Ngokwalesi siqephu wayehleli nobani uTholakele ngesikhathi kufika uBhekani? (1)

2.6 Bahlobene kanjani uTholakele nalo muntu ababehleli naye? (2)

2.7 Ngokwalesi siqephu yini eyayixabanisa uBhekani nalo muntu owayehleli noTholakele? (2)

2.8 Ubani owalamula impi phakathi kukaBhekani noBhatomu? (2)

2.9 Chaza lezi ezimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe esiqeshini esingenhla:

2.9.1 Ukudumela umfelokazi. (2)

2.9.2 Ningangishiyi nokuhlupheka. (2)

2.9.3 Badumelane kuthule kuthi du (2)

2.10 Ubaba kaBhekani wayengafuni ukuthi uBhekani alobole umfelokazi. Sekele lesi sitatimende esingenhla ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

2.11 Ngamaphuzu AMABILI phawula ngendikimba yale noveli. (2)

2.12 Ngokucabanga kwakho ingabe kuyinto enhle noma embi ukuthi abazali bakhethele izingane zabo omakoti/ abakhwenyana? Bhala amaphuzu AMATHATHU ukusekela impendulo yakho. (3)

2.13 Ukube wena wawunguLindiwe wawuzomxolela yini uBhekani emva kokuthi ekhethe ukulobola uTholakele kodwa ukhona wena futhi ukhulelwe ingane yakhe. Bhala amaphuzu AMATHATHU ukusekela impendulo yakho. (3)

2.14 Ubaba kaTholakela wayengazi lutho ngendaba yamalobolo kaTholakele. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende esingenhla? Sekela Impendulo yakho. (2)

2.15 Ingabe uyavumelana noma uyaphikisana nokuthi imoto eyalanda uLindiwe kubo kaBhekani yamyisa kubo yayithunywe nguTholakele. Sekela impendulo yakho. (2)

**[35]**

**UMBUZO 4: ABABULALI BENYATHI-RM Mngadi**

Funda lesi siqephana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

*(Emzini wenkosi. Inkosi ixoxa nenduna uDlamini. Bahleli endlini yokuphumula).*

| | |
|---|---|
| **Shandu:** | Cha, inkulu indaba bo! UDuma lo usibuyisela emuva. Ngempela abantu abalawulwa ngamagqubu bayingozi. |
| **Dlamini:** | Uyangixaka lo muntu ngoba emva kombhedukazana wokulwa kwabantu, **kwathelelwana amanzi**. Manje kuyabonakala ukuthi yena uzama ukusebenzisa isikhundlana sakhe ukutshengisa amandla akhe. |
| **Shandu:** | Kodwa-ke uzoqhatha abantu bami uma eqhubeka kanjena. Uyabona-ke, uma nje engafika ethi uzocela ukubamba umhlangano nabantu bami, ngizomane ngiqale ngokumehlisa ngimbizele umkhandlu khona ezothola imibuzo ezomenza akhumbule ukuthi noma eyikhansela kodwa ubukhosi busekhona. Uthi uyazi nje ukuthi amanye amakhansela akwezinye izindawo asasebenzisana namakhosi awo. |
| **Dlamini:** | Ndabezitha! Ngempela mina angizange ngithume muntu. Labo bantu abamthusile bebezwakalisa ilaka labo ngalokhu kugcwaneka kwakhe. Ukube kuseyikuqala, mina bengizobonisa uNdabezitha ukuthi akamdingise. |
| **Shandu:** | Hhawu! Hhawu! Intando yeningi seyasiphundla wonke lawo mandla. Yikho nje sesidlala abantu abanjengoDuma. |
| **Dlamini:** | Kwakufanele lo hulumeni aqale ngokuqeda ngomthetho wamandla nemisebenzi yenu Ndabezitha. Kungenjalo, kwakuzothi kuqambe kuvotwa kube sekucace **kwahlala obala** njengezinqe zesele ukuthi oNdabezitha bayini kulesi simo sentando yeningi. Yingakho nje mina ngiyaye ngithi uma kungasa sengingumsocongi ngingaqala ngokusoconga wonke amakhansela. |

4.1 Bakuphi oShandu noDlamini njengoba bexoxa kulesi siqephu? (1)

4.2 Banazikhundla zini bona oShandu kule ndawo abahlala kuyo? (2)

4.3 Ubani lo muntu abathi ubabuyisela emuva? (1)

4.4 NgokukaDlamini iyiphi into okwakumele yenziwe nguhulumeni ngaphambi kokuthi kuvotelwe amakhansela ezindaweni zasemakhaya. (2)

4.5 Phawula ngokuvezwa kwalaba balingiswa abalandelayo:

4.5.1 Mbandlwa. (2)

4.5.2 MaShezi (2)

4.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

4.6.1 Ukuthelelana amanzi (2)

4.6.2 Ukuhlala obala (2)

4.7 Yini isisusa sodweshu kulo mdlalo? (2)

4.8 Ngamaphuzu AMATHATHU phawula ngesiphetho salo mdlalo. (3)

4.9 UDlamini uvezwe njengomuntu onenhliziyo encane. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.10 Ubani ummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.11 Ngokucabanga kwakho kwakufanele yini emakhaya ikhansela libike enkosini kuqala ngaphambi kokubamba imihlangano yalo. (2)

4.12 Ukube wena wawuyinkosi wawuyokwenzenjani kulesi simo ayayibhekene naso sokudelelwa yikhansela. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.13 Luhlobo luni lomdlalo lolu? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

4.14 Qondanisa **UHLU A NOHLU B.**

| UHLU A | UHLU B |
|---|---|
| 4.14.1 UDlamini | A. Ukuphuca. |
| 4.14.2 UShandu | B. UMzizi. |
| 4.14.3 Ukuphundla | C. Uthisha. |
| 4.14.4 UMaNgema | D. Ukubulala |
| 414.5 Ukusoconga | E UNdabezitha. |

(5x1=5)

**[35]**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO*** **- DBZ Ntuli (Umhleli)**

Phendula yonke imibuzo kulesi siqephu

### UMBUZO 5: MHLA LIDUMA LADUMA – MJ Mngadi

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Lapho oNyandeni beqala ngakho kodwa nje ukuvula umphako, yaqala inkinga lapha esitimeleni. ULaduma wathi lacu, wayongena endlini yangasese. Wabuya esephethe ibhakede lepulastiki elalingavaliwe, linemikhwintsho eyayisenjengoba yayingcoliswe umntwana. **Wayishaya phansi kwesihlalo**. Akubanga sikhathi esingakanani oNyandeni nomkakhe baqala ukuphephetha amakhala.

"Kusewukuthuka isisinga nje kwekhala, kuzojwayeleka," esho uLaduma edumela isigingci, ezithinta futhi izintambo, esho ngelalilusizana.

Ngaleso sikhathi waqamba iculo ngemikhwintsho nentandanyana yomntwana igonwe yinkedamana yendoda belahlwe unina. Babekezela oNyandeni, bandla.

Laklaklabula.

"Kunganjani mntanami uma ngikuhlanzela le mikhwintsho?" kubuza uMaNyambose.

"Mama ngeke impela kulunge. Uthando lwami lolu" waqhubeka nesigingci waze wacweba izinyembezi.

Imvula.

"Kodwa singafika sinjani nje eThekwini?"

"Ngeke kwakhonondwa kangako ngemikhwintsho yomntanami kuphela. Nalawa **masokisi anamazambane** anesandla.," enqekuzisa ikhanda ezama ukuwakhomba ngalo. "Futhi-ke mama, uma ngivuma lokho, ngabe ngenza iphutha eliwedlula wonke esengake ngawenza emhlabeni. UNoziphepho ukuhlupheka kwami kufanele akubone ngayo imikhwintsho lena, ukuze azibuze aziphendule ukuthi koze kube nini ngizibambele."

"Noma kunjalo mntanami, bekunganjani siwahlanze lawa, wena usuyogcina lawo ingane ezowangcolisa sesisondele eThekwini?"

5.1Usuka kuliphi idolobha uLaduma njengoba eya edolobheni laseThekwini? (1)

5.2 Bhala uhlobo lwesithuthi abahamba ngaso oLaduma. (1)

5.3 Amaphoyisa amthengelani uLaduma efomu? (1)

5.4 Ngokusho kukaMaDuma wayedonswe yini njengoba agcine esehleli lapho kwakuhleli khona oLaduma? (1)

5.5 Bhala igama lomunye umuntu wesifazane owayelapha kwakuhleli khona uLaduma? (1)

5.6 Walilanda kuphi ibhakede uLaduma njengoba wayezolibeka lapha ayehleli khona? (1)

5.7 Khetha impendulo efanele kubakaki:

5.7.1 Ephaketheni lebhantshi likaPhakathi kwakukhona (imali, ozankosi, utshwala) yingakho imishini yamaphoyisa yakhala. (1)

5.7.2 ULaduma wayedlala (uphiyano, imfiliji, isiginci). (1)

5.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

5.8.1 Wayishaya phansi kwesihlalo. (2)

5.8.2 Amasokisi anamazambane. (2)

5.9 UMaDuma wayengesiye owakwaDuma njengoba wayetshele oLaduma. Kungabe uyavumelena noma uyaphikisana nalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho. (2)

5.10 Ngokucabanga kwakho kungani uLaduma wayenganifuni kuhlanzwe imikhwintsho yomntwana. Sekela impendulo yakho. (2)

5.11 Yisiphi isifundo osithole ngokufunda le ndaba? (2)
**[18]**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

## IZINKWAZI ZOTHUKELA/ AMAHLOKOHLOKO-EJ Mhlanga no JJ Thwala

## UMBUZO 7

Phendula yonke imibuzo kulesi siqephu.

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ngingoweliba-NL Luthuli**

Umzimba wam' uhlukene nomphefumulo.
Umzimb' ubuyele kwamhlab' emhlabathini
La owadabuka khona.
Umphefumulo awusenasabelo kwamhlaba.
Umzimba kuphel' onesabelo, .
Ngob' ungoweliba.

Nendodana kaSomandla
Yaba ngeyethuna.
Ngolwesithathu yalinqob' iliba,
Yavuka kwabaleleyo.
Pho mina bengingahlala kanjani
Ngingabi ngoweliba na?

Um' indodana yoMunt' ingakabuyi,
Ngiyoba ngoweliba njalo.

Ngiyazi bayokhala balile,
Bathi balahlekelwe,
Bayosho baze bafakazelane
Ngent' eyodwa;
Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami.
Keph' engikwaziyo kunye,
Mina nabo singabeliba.

7.1 Yini iliba ngokwale nkondlo? (1)

7.2 Bhala umugqa oveza ukuthi imbongi iyazi ngenkolo yobuKristu. (2)

7.3 Khipha ukuxhumana okutholakala esitanzeni sokuqala. (2)

7.4 Tomula umugqa oyimpindamqondo esitanzeni sesine. (2)

7.5 Ubani lo obizwa ngendodana yoMuntu okuthiwa yalinqoba ithuna? (1)

7.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni:

7.6.1. Ukufa olwembiza. (2)

7.6.2. Ukunqob'iliba. (2)

7.7 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

7.8 Phawula ngomoya wale nkondlo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[17]**

## UMBUZO 8

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo

**Ungumzali Onjani?-DA Hlophe**

Ungumzali onjani?
Odel' igazi lakhe
Lichithek' ezintabeni.
Sithi sihlezi sithokozele
Kodwa abesibophel' amanqina enyathi.

Ungumzali onjani?
Onhliziyo yakhe iyitshe
Ongafuni ukusinika
Iwisa nesihlangu
Silwe sivike kudel' umakhasana
Kukhale ingwazi kukikizwe!

Ungumzali onjani?
Ongasingath' amachwane akhe,
Awafak' endleleni eyiyo,
Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
Ziwathole ekhuselekile.

Ungumzali Onjani?
Ohlal' anethezeke
Ashay' esingeqiwa ntwala
Kodwa ekhaya kudlang' usizi
Izingane zibona ngokusa.
Ungumzali onjani?
Onikwa isikhali sempilo
Ahlabane ngaso imizuzwana
Asitshinge phezulu
Kuqhamuk' iminjunju imtshikitshele.

8.1 Tomula umugqa oyimpindwa kule nkondlo. (1)

8.2 Bhala umugqa okhombisa ukuthi lo mzali akazinakekeli izingane zakhe. (1)

8.3 Bhala imvumelwano etholakala esitanzeni sesibili. (2)

8.4 Ngokwale nkondlo igama amachwane liqondiswe kobani? (1)

8.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni:

8.5.1 Abesibophela amanqina enyathi. (2)

8.5.2 Onhliziyo yakhe iyitshe. (2)

8.5.3 Ukushay' esingeqiwa ntwala. (2)

8.6 Ngokucabanga kwakho yini engenza ukuthi umzali agcine esedele igazi lakhe? (2)

8.7. Phawula ngesigqi sale nkondlo ubhekise esitanzeni sesibili. (2)

8.8 Phawula ngomoya wale nkondlo. (3)

**[18]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE 70**